**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKULETHWA KWEZINHLELO ZENTUTHUKO YEMIGWAQO ENKANDLA MHLAKA 09 OCTOBER 2012.**

Mphathi wohlelo;
Inkosi yaKwaNxamalala;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
AmaLungu esiShayamthetho;
IMeya yesiFunda sasoThungulu uKhansela uMacingwane;
IMeya engusokhaya walapha eNkandla;
AmaKhansela wonke akhona;
IziNduna zamakhosi;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Siyabonga ukuthi sesiphinde sathola leli thuba lokuzohlangana nomphakathi walapha eNkandla sizokuthi halala ngentuthuko abantu balapha abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.

Ngithi sesiphindile futhi ngoba phela abantu balapha eNkandla bayazi ukuthi njengoHulumeni kusuka kuzwelonke ngaphansi kobuholi bukaMongameli uMsholozi, kuya kowesifundazwe ngaphansi kobuholi bukaNdunankulu uDkt Zweli Mkhize, sisalokhu siyigelezise njalo intuthuko kule ngxenye yesifundazwe.

Kodwa ngaphambi kokuba ngenabe ngalokho ngithanda ukuqala ngibeke ukuthi sikhathezekile kakhulu ngokuthi ngemuva kokuthola inkululeko eyalwelwa kanzima kangaka kuleli lizwe, kodwa abantu bakithi abasakwazi ukudla izithelo zomzabalazo ngenxa yezinto ezintathu nje ezibhuqabhuqa isizwe nsuku zonke: okuyizingozi zomgwaqo, ubugebengu nengculaza. Angiyiphathi-ke eyezepolitiki nezamatekisi ngoba besithi yinto esiphelile, kodwa cha nako loko akupheli futhi. Kanti ngempela kwakhala nyoni yini esifundazweni sethu?
Abantu bafa ngendlela ethi ayifane nesikhathi sobandlululo lapho abamhlophe babesiqhatha sodwa, omnyama ebulala omnyama, sibone amabhokisi eklelile, ngenxa yokuthi abantu babanga ithambo elingenanyama.

Noma isikhona le nkululeko esayijulukela kanzima kanje ngaphansi kwezimo ezibucayi, sayifela, sayilimalela, sayiyela emajele, kodwa sisaqhubeka nokungcwaba abantu njengoba sasenza ngezikhathi zobandlululo.

Sisaqhubeka nokubona ujenga lwamabhokisi ngenxa yezingozi zomgwaqo. Namhlanje abantu sebebulawa izimoto – babulawa abashayeli ababudedengu, abangafuni noma abangafundiswanga ukugcina imithetho yomgwaqo.

Thina-ke lapha KwaZulu-Natal sinenkinga yokuthi njalo uma kukhishwa izibalo zikazwelonke kuba yithina esihamba phambili. Njengoba sesibheke emaholidini kaKhisimusi nje sesiyabikelwa nje ukuthi engabe sizongcwaba abangaki-ke.

Kwenye inkathi uze uzibuze ukuthi kanti kungcono yini ukuthi imigwaqo ihlale ingalungisiwe ifakwe netiyela uma kanti ukuba kuhle komgwaqo kusho ukuthi sekuzokufa abantu kuyona ngenxa yabashayeli abashayela ngesivinini esikhulu, ikakhulukazi uma umgwaq o umuhle, izimoto zihamba kalula?

Kodwa-ke asikukhohlwa futhi ukuthi kuyo yonke imikhankaso esiyenzayo yezokuphepha emgwaqeni, kunabantu bakithi abaningi asebekhombisa ukubambisana nathi bagcine imithetho yomgwaqo.

Lokhu sikusho ngoba siyakuqaphela ukuthi nakuba sisesikhulu isibalo sabantu abafa emigwaqeni, kodwa kusuka sethule umkhankaso ka-Operation Val'ingozi ngonyaka odlule ngaso lesi khathi esibheke kuKhisimusi, ukhona umehluko esiwubonile.

Kusuka ngaleso sikhathi zike zathi ukwehla nezinhlekelele lapho okufa abantu abahlanu kuya phezulu ngesikhathi esisodwa.

Isikhathi esize sasithela ngehlazo kube yiyona inyanga ka-August kanye no-September lapho sibone izingozi ezintathu nje kuphela zidlula nemiphefumulo yezingane zesikole ezingu-28, endala kuzona ebineminyaka engu-13 nje kuphela.

Uma singena emongweni wesikuzele lapha namhlanje ngifisa ukuqala ngokucacisa izinto ezithile. Lo mcimbi walapha uyingxenye yenyanga yezokuthutha njengoba ngo-October yilapho izwe lonke libheka indlela ezokuthutha ezisebenza ngazo - kusuka kwingqalasizinda, ezokuthutha umphakathi kanye nezokuphepha emgwaqeni.

Njengoba silapha nje sesiphuma eMtshezi naseMtubatuba, futhi sisazokuya nakwezinye izindawo njengaseMzinto, e-Bergville nase-Underberg. Zonke lezi izindawo zasemakhaya esizobe siletha kuzona ingqalasizinda yomgwaqo.

Ngithi mangikubalule lokhu ngoba njengoba ngike ngakhuluma ngokugeleziswa kwentuthuko kule ngxenye yesifundazwe, siyaye sizwe phela sekukhona abathi lokho sikwenza ngoba kuhlala uMongameli wethu lapha eNkandla.

Kodwa-ke thina esikwaziyo ngukuthi uMsholozi uthathe njengoMongameli kaKhongolose ngo-2007, waphinda wathatha njengoMongameli wezwe ngo-2009. Ngaleso sikhathi iNkandla yayivele seyamenyezelwa ngo-2005 nguMongameli wangaleyo nkathi, uMnuz Thabo Mbeki, ukuthi izobekwa eqhulwini kanye nezindawo zaseZululand naseMkhanyakude, njengoba kwavela ukuthi lezi zindawo zisalele emuva kakhulu ngentuthuko.

Zona futhi lezi zindawo zazihlonzwe njengezihamba phambili ngobubha nokuntuleka kwemisebenzi.

Naye-ke ngenkathi engena-ke njengoMongameli wezwe ngo-2009 uMsholozi, uye wafaka umfutho wasidonsa ngendlebe thina njengemiNyango kaHulumeni wathi asiphume emadolobheni siye emakhaya siyoqinisekisa ukuthi intuthuko iyaphuthunyiswa kubantu akade bayilangazelela.

Uma-ke ube nenhlanhla yokuthi uMongameli wezwe uzalwa ngakini, lokho akusho ukuthi yisizathu sokuba uthole intuthuko. Ekalo Hulumeni intuthuko ayikhethi iphela emasini.

Nakuba isifundazwe sethu sisikhulu nje, kodwa sizolokhu siyenza le misebenzi noma ngabe akwenzeki ngesikhathi esisodwa. Uma nje silokhu sithola leli thuba enisinika lona ngevoti lenu, noma kanjani sizoloku siqhubekile nokubhekelela izidingo zabantu.

Namhlanje-ke umNyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal oholwa uNdunankulu wesiFundazwe sethu, uDkt Zweli Mkhize, uzobongela imiphakathi eyakhele amaKhosi alapha eNkandla ngengqalasizinda yomgwaqo namabhuloho osekuzokwenza kube lula ukuhamba nhlangothi zonke zemifula uma kuyiwa ezikoleni, emitholampilo nakwezinye izindawo zokuthola usizo.

Lapha sesidlulisele ngokomthetho eNkosini yaKwaNxamalala nakuMasipala kanye nomphakathi wonke amabhriji ezinyawo amabili, okuyiNsuze Pedestrian Bridge neMposa Pedestrian Bridge.

La ma-project adle imali engu-R4.5 million ewomabili. Kusijabulisile futhi ukuthi kunamathuba emisebenzi okungenani angaphezulu kuka-60 atholwe ngabantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Okunye engicabanga ukuthi sekube ngomunye futhi umlando ekuthuthukisweni kwendawo yaseNkandla kwezomnotho, ngukuphothulwa kwemigwaqo emikhulu u-P15 no-P50, nayo esesiyivule ngokusemthethweni namhlanje.

Le migwaqo esesiyifake itiyela izokwenza lula ukuxhumana phakathi kwamadolobha i-Maritzburg neNkandla kanye neShowe.

Nakuba lo msebenzi walama-project waqala ngaphambi kokuba iNkandla ibe ikhaya likaMongameli wezwe, kodwa kuyasijabulisa nathi njengesifundazwe ukuthi sesikwazile ukuhlonipha isithunzi sikaMongameli ngokuthi umgwaqo oya ekhaya ube sezingeni elifanele.
Imali esakhe ngayo umgwaqo u-P15 osuka e-Kranskop ongu-32,4 km ubude wona ingu-R290 million. Abalelwa ngaphezulu kuka-5 800 amathuba emisebenzi atholakale kubantu bendawo ngesikhathi kwakhiwa lomgwaqo.

Umgwaqo u-P50 wona uxhumana nomgwaqo u-P15, uhambe njalo uguduze ehlathini laseNkandla uze uyongena edolobheni. Wona ungu-54.4 km ubude kanti imali esiwakhe ngayo ingu-R292 million. Nakhona futhi kube namathuba emisebenzi abalelwa ku-6 270 kubantu bendawo.

Kubalulekile ukuba sisho ukuthi lama-project esize ngawo lapha ayingxenye yombhidlango oqhubekayo kulesi funda sasoThungulu ngaphansi kweMeya uMacingwane. Sikhuluma nje kulo nyaka wezimali esikuwona u-2012/2013 sifake u-R250 million wokulungisa ingqalasizinda yomgwaqo lapha oThungulu.

Ngendlela yobuningi bama-project ngizovele ngikhe phezulu nje kwamanye esiwabiza ngama-capital project esiwenza lapha kuMasipala waseNkandla kuphela:

Kukhona iTulwane Tugela River Bridge esifake kuyona u-R11.6 million, uGubhela Access Road esifake kuwona u-R15 million, bese kuba uBhekeni Access Road wona ozodla R12 million.

Ikhona nemigwaqo esithi ama-Local Road esifake kuyona u-R19 million kulo nyaka wezimali. Leyo migwaqo ihlanganisa iBhelende Local Road eNkosini yaKwaShezi, Ezijibeni Local Road eNkosini yaKwaNtuli noNtanyeni Local Road eNkosini yaseMachunwini.

Silindele ukuthi kugcine kudaleke amathuba emisebenzi abalelwa ku-108 kubantu bezizwe zamaKhosi uma kwakhiwa le migwaqo. Kukhona nosonkontileka bakaZibambele abangu-73 abazoqashwa ukugcina le migwaqo isesimweni.

Ngaphambi kokuba ngiphethe, ngithanda ukunxusa ukubambisana okuhle nani nasekulweni nobugebengu kulezi zindawo zalapha eNkandla. Kuyisifiso sami ukuthi njengoba nikhiqize uMongameli nje kule ndawo, makube yinina futhi enizohamba phambili ekwakhiweni kwesizwe esingenabugebengu.

Makube yinina enisukumayo nilwe nanoma yini ezama ukuzongcolisa igama lendawo yenu.

Intsha yakithi makube yiyona ehamba phambili ekulweni nokusetshenziswa kwezidakamizwa, ukwanda kwegciwane le-HIV ne-AIDS nokukhulelwa kwamantombazane amancane.

Okokugcina, mangiphinde nginxuse ukuba siqaphele kakhulu ukuphepha emgwaqeni. Uma nenza imicimbi edinga nihambe ngezimoto, qinisekisani ukuthi nihamba ngezimoto ezisemthethweni, eziphilile, futhi nabashayeli babe sesimweni esifanele, kungashayeli umuntu odle amanzi amponjwana ngoba utshwala bakha isibindi esingekho kanti kulula ukuhluleka ukulawula imoto uma usuphuzile.

Njengoba size ngobuhle nje lapha, sicela ukuphinda sibuye ngabo futhi ubuhle.

Ngalawo mazwi sithi siyabonga ukuziphatha kwenu, sengathi singaqhubeka sihloniphane, sinakekelane ukuze sibe yisizwe esithuthukayo.

**Ngiyabonga**